# UZAKEWU

Ngiyabonga kakhulu, Mfowethu Vayle. Futhi ngiqaphelile abantu ngezinye izikhathi bathi nje kancane, niphendulelwe emaceleni, uma nifuna ukuphenduka nje ngqo, bengiyokwenza nje lokho. Nigudluze izihlalo zenu nje macala onke, ukuze sonke sikwazi ukubukana. Lokho kuhle.

2 Njengoba umfowethu esanda kusho ukuthi ngingowenhlangano eyodwa: inhlangano yeChristian Business Men; Kwenzekile nje ngamkhombisa ikhadi lami lenhlanganyelo, ngakho niyazi ukuthi ngicabanga kanjani ngeChristian Business Men. Yiyona nhlangano kuphela engingowayo, ngoba ngicabanga ukuthi banento ethize sonke esihlanganyela kuyo: uKristu.

3 Ngifuna ukunibingelela qembu elihle labantu lapha kulokhu ukusa. Futhi ebusuku bakuthangi, bengikhuluma nomongameli wenu, uDemos Shakarian, ongumngane wami omkhulu wesifuba, futhi uthumela imikhonzo ekhethekile kulowo nalowo wenu osuka emikhandlwini yezikhulu zesonto emhlabeni jikelele. Futhi wavele wangibiza ukuba ngize ngokukhulu ukushesha, ngisuka e-Afrika ngibuyele e—eStuttgart, eJalimane, lapho abalinde khona manje, ukubona ukuthi besingakwenza yini, noma, ukuba yisikhulumi sabo sasebusuku. Futhi uthumela i—i—isimemo esikhethekile kini nonke bantu, okwenkonzo ezobanjelwa ePhiladelphia, i, ukuqala zingamashumi amathathu, ngikholwa ukuthi yikho, zikaJuni, kuze kube zizine kuJulayi ePhiladelphia, lapho, iNkosi ithanda, ngizobakhulumela futhi kulengqungquthela enkulu ePhiladelphia Hall, ngikholwa ukuthi yiyo, anginasiqiniseko, kodwa nonke niyamenywa ukuba nize.

4 Futhi manje, kuyinhlanhla enkulu ukuma phambi kweqembu labantu elithandeka kangaka. Futhi asiqondi ukuthi bekungenzekani khona ngqo ekudleni kwasekuseni njengalokhu, kulokhu ukusa. Emhlabeni jikelele, ngikhulumele iChristian Business Men, eLos Angeles, ngezinye izikhathi sinabo cishe inkulungwane ekudleni kwasekuseni, engibe nenhlanhla yokukhuluma izikhathi eziningi. Ngizibonile izimpumputhe ziphakama zinokubona kwazo, abakhubazekile besuka bahambe, namakhulu a—abantu, osomabhizinisi, odokotela, abameli, abagxeki bengena, bavele bawele ngqo ngaphansi kwamandla kaNkulunkulu, futhi nje i . . . Ninento ethize banumzane abahlonipheikile!

5 Manje khumbulani, kunento eyodwa, sonke siphakathi lapha nge—ngenkolelo eyodwa kulokhu ukusa, nakhu esinakho: Sinento esihlanganyela kuyo, kodwa sifanele sazi ukuthi

isetshenziswa kanjani. Niyabo? Kufana nesibhamu esihle ukuzingela ngaso, kodwa ufanele wazi ukuthi sisetshenziswa kanjani. Ngakho yileyondlela iVangeli linjalo. Ngakho asikusebenzisele inkazimulo kaNkulunkulu, ukuthola wonke umphefumulo eMbusweni esaziyo ukuthi kanjani ungene eMbusweni.

6 Futhi manje, kwangathi uNkulunkulu angabusisa leliqembu elincane lapha elibuthanayo, futhi nje liqhubeke nokuba nokudla kwasekuseni, futhi ngaphezu kwakho konke aligcine lisemoyeni. Lingalokothi livumele lowoMoya ufe. Culani lawomaculo ayifeshini endala, nishaye izandla zenu, nidumise iNkosi. Yileyondlela ofanele ugcine ngayo . . .

7 NgingowaseNingizimu, ngi—nginamadlingozi, ngingafakazisa kini noma yini engenamadlingozi ifile. Futhi uma inkolo yakho ingenawo amadlingozi amancane kuyo, kungcono uyimbele, futhi uthole leyo enawo, ifile. Ngakho sifanele sibe namadlingozi. UJesu wathi, "Uma bethula, amadwala ngokushesha azomemeza."

8 Okuthize, ukuphila nokufa ngeke kwababakhona ndawonye. Lapho uKristu efika khona, Akazange ashumayele umngcwabo kukho konke ukuphila kwaKhe, ngoba ukufa ngeke kwama ngalapho ukuPhila kukhona, bavuka kwabafileyo. Lapho Engena eqenjini labantu, ukuphila kuyafika, ngoba UngukuPhila. Futhi siyaMthanda kulokhu ukusa, ngokuphakeme ngenhliziyo yethu yonke, futhi sinikela kuYe kulemihlangano emincane khona impela ukudumisa kwezinhliziyo zethu, ukuthi siMthanda ngeqiniso. Futhi yimihlangano emincane njengalona . . .

9 Uxolo. [Umfowethu wenza isimemezelo mayelana nemoto ukuba idonswe isuswe—Umhl.] Lokho kungivumela ngihlanze. Kodwa bekungeke kube yiqembu lethu lapha, bekungaba ngumuntu osesitezi esiphezulu ovakashile, noma yini, nje bagijimise imoto yabo bangene. Ngakho siyabathakasela abazalwane benza lokhu nokho, ukuze kungabikho-muntu ozophazamiseka lapho sebe—behamba.

10 Yilapho enginokuthokoza khona kwami, nje ngithole iqembu le . . . Niyasazi isisho esidala saseNingizimu, "Izinyoni zohlobo olulodwa zindiza ndawonye"? Ngijabula kakhulu ukuba nezimpaphe njengalezizinyoni lapha kulokhu ukusa. Kunento ethize nje e . . .

11 Akusiyo noma iyiphi inkonzo yokuphulukisa, inkonzo yokuphulukisa, ungaphansi kwalobo bunzima be, he, ugcobo, futhi lapho ngingena egumbini ntambama, futhi lapho ngihlale ngedwa noNkulunkulu, futhi ngiphume. Khona-ke ufanele ubhekisise, ngoba uSathane u—uyisitha sangempela, futhi uhlezi nganoma yisiphi isikhathi ukuba adidanise, futhi ngikhathele njengoba nginjalo manje, bekungaba lula ukudideka. Kodwa

lapho uza ngapha, ungezwa nje sengathi unamamayela angamashumi amahlanu endawo evulekile, ungahlala nje ngapho, futhi ube nesikhathi esimnandi. Bukani bonke ubuso benu, futhi nibone ukumamatheka, no—nokuthokomala, noBukhona bukaKristu, awu, lokho nje yi—yijubili langempela lokomoya, lokudla okuhle kimi, ukuhlangana nje ndawonye ukukuzwa.

12 Futhi niyakuzwa lokho kucula, ngiyakuthanda lokho okuhle, ukucula okuyifeshini endala, uma kukhona noma yini engiyithandayo, ngukucula. Futhi mina, uma kukhona noma yini engi—ngiyizondayo yiphimbo eliqeqeshwe ngokweqile, niyazi, olunye lwalezozinhlobo olubambayo baze babe luhlaza okwesibhakabhaka ebusweni, futhi ubone ukuthi ungabamba umoya wakho isikhathi eside kangakanani, bese ubuya wehle. Abaculeli inkazimulo kaNkulunkulu, babona ukuthi bangawubamba isikhathi eside kangakanani umoya wabo.

13 Ngicabanga ukuthi akukho lutho oluhle ukwedlula okuhle, okuyifeshini endala, ukucula kwePhentekoste eMoyeni, ukucula nje e. . .uNkulunkulu weNkazimulo, kunjalo. Uma ubungekwazi ukuphatha ushuni ebhakedeni lamalahle, vele ucule, noma kanjani, wenze umsindo ojabulisayo eNkosini. Akukho lutho oluhleleke kahle ngalokhu, noNkulunkulu akanasimo, yilokho iBhayibheli elikushoyo. Ngakho Akanabo abantu abahleleke kahle nje, Unabantu abangahlelekile kahle, ndawo zonke, uMoya wenza noma yini. O, sijabule kakhulu ngalokho!

14 Futhi manje, kulezizinkonzo ezizayo, ngiyethemba. . . Ngifuna ukusho lokhu ngabo bonke ubuqotho, ngoba ngiyaqonda ukuthi kunabantu lapha abavela ezindaweni ezehlukene, kodwa angikaze, selokhu ngasuka eNew York, ngike ngahlangana nobusuku, lapho okokuqala, inkonzo yokuqala, lokho kukholwa kwakulapho ngqo ukuhlangana nakho, njengoba nginakho kulelidolobha. Kunjalo. Umkhuleko wenziwe lapha ndawondawo, angazi ukuthi ubukuphi, kodwa othile ubekhuluma neNkosi.

15 Ngiyamthakasela umfowethu omncane lapho kulokhu ukusa ohole ngomkhuleko, onikeze ubufakazi. Ithe nje indoda ingasukuma futhi ibikhuluma neNkosi, ngathi, "Ike yakhuluma naYo ngaphambilini." Wonke umuntu uyazi ukuthi ibikhuluma noBani, nalokho kuhle.

16 Ukuzuza umphefumulo, into enkulu kunazo zonke. Futhi bazalwane, sisesikhathini sokuphela, si—silapha ekupheleni komgwaqo, u—usindisiwe, futhi ngikholwa ukuthi uya eZulwini, lelo yiqiniso, kodwa awusoze waba nethuba njengoba unalo khona manje. Neminyakanyaka ezayo, ukuba-ke bewazi ukuthi uma ubunethuba lokubuya njengomuntu ofayo ukwenza okunye ukufakaza, emva kokuba kade ulapho phambi kwaKhe, futhi

ubone ukuthi Uthandeka kanjani na? Kuzo—kuzobe sekuleyithi kakhulu ngaleyonkathi. Asikwenze manje, sisenethuba. Masibe kukho, imini nobusuku.

17 Esikhathini esithize esedlule ezansi ezweni eliseningizimu, kwakukhona umnigro omdala, futhi ngobunye ubusuku emhlanganweni omdala wasepulazini, lapho ababeyoba khona nesidlo sabo sakusihlwa . . .

18 Manje, kusobala, ngikholwa ukuthi yidina kini nonke phezulu lapha. Niyabo? Niba nedina lenu ebusuku, nivele nje ni . . . Ngizizwa sengathi ngisekhaya khona-ke. Lapho ukhuluma ngalelo*dina*, ngi—ngizizwa sengathi ngiphuthelwe ukudla. Sinokudla kwasekuseni, idina, nesidlo sakusihlwa. Uma ngi . . . Uma—uma isidlo sakusihlwa siyidina lami, khona-ke ngilithola nini idina lami na? Niyabo? Ngakho ngi . . . Lokhu . . . Futhi niyazi, sikulokho ngqo bafo. Impela sinjalo, ngoba kwakuyiSidlo sakusihlwa seNkosi, hhayi *idina* laYo, niyazi, ngakho sikahle.

19 Ngakho manje-ke, ezansi lapho babenokudla kwakusihlwa epulazini elidala, futhi kwakukhona u—umnigro omdala, owayenikele impilo yakhe eNkosini uJesu.

20 Kamuva ngiyanitshela, kuyamangalisa ukuzwa labo, lapho becula lawomaculo amadala—ayifeshini endala e . . . futhi kungumucu womculo omnandi njengalona, kanje:

> Ngiyovuka futhi ngiye kuJesu;
> Uyongigona ngezingalo zaKhe.

21 Senake nawuzwa umucu womculo onjalo na? Awu, yileyondlela abalicula ngayo. Kodwa, o, he, u—uMoya ulapho, yebo, kuvela enhliziyweni yabo.

22 Futhi endaweni enjalo, lomnigro omdala wasindiswa. Futhi ngakusasa ekuseni, wayephandle etshela abafo ukuthi waye—wayesindisiwe, futhi wayekhululekile. Manje, lokhu kwakungesikhathi sobugqila. Futhi wathi . . . Futhi kwafika e—ezindlebeni zomnikazi wepulazi, ngakho waphuma waya kuye, wathi, "Mose, yini lena engiyizwayo, wena uthi, kulokhu ukusa phakathi kwezigqila, ukuthi usukhululekile na?"

Wathi, "Yebo, basi." Wathi, "Ngikhululekile kulokhu ukusa."

Wathi, "Yenyukela ehhovisi, Mose." Futhi wenyukela ehhovisi, wathi, "Hlala phansi." Wathi, "Mose, uthe ubunjani na?"

23 Wathi, "Basi, awu, ngiseyisigqila sakho, kodwa," wathi, "ngikhululekile emthethweni wesono nokufa. UKristu ungikhululile izolo ebusuku emhlanganweni omdadlana."

Futhi wathi, "Mose, ukusho ngempela lokho na?"

Wathi, "Yebo, ngiyakusho, basi."

24 Wathi, "Awu, Mose, ngiyehla ukuyosayina ukukhululwa kulokhu ukusa, ngizokukhulula njengesigqila. Shumayeza abakho. . . iVangeli kubazalwane wakho." Wathi, "NgingumKristu, nami." Wathi, "Hamba phakathi kwabazalwane bakho ushumayele iVangeli."

25 Emva kweminyaka yokukhonza, umnigro omdala ufika ekufeni kwakhe. Abaningi babazalwane bakhe abamhlophe babebuthene ukuba babone—bambone futhi bamxhawule okokugcina. Futhi wayelele equlekile, futhi emva kwesikhashana wavuka, waqalaza, wayesethi, "O, ngabe ngibuyele emhlabeni futhi na?"

Futhi bathi, "Mose, ubukuphi na?"

26 Wathi, "O, ngivele ngangena emnyango!" Wayesethi, "Ngabheka, ngase ngiMbona." Futhi wathi, "Lenhliziyo endala yonsundu ixhuxhumile kakhulu, angizange ngifune ukuza ngalendlela futhi." Futhi wathi, "Ngisamile lapho," wathi, "bekukhona iNgelosi yenyuka yathi kimi, 'Mose, woza ngapha, ngifuna ukukunika ingubo yakho ende, nomqhele wakho.'"

Wathi, "Ungakhulumi kimi ngengubo ende nomqhele, angifuni-ngubo ende nomqhele."

Yathi, "Ufisani-ke, Mose, ngaleyompilo ende, nenkonzo oyinikezile na?"

Wathi, "Ake ngiMbuke nje iminyaka eyinkulungwane."

27 Ngicabanga ukuthi lowo ngumuzwa wethu sonke. Akusikho ukukhathalela imali yethu, namabhizinisi ethu, noma lokho esikwenzayo, noma izimfakazo ozinikezayo, mnumzane, ake nje ngiMbuke. Yilokho engilindele ukukwenza ngolunye usuku, ngigaqazele ngikhuphukele ezinyaweni zaKhe, ngange lezozinyawo eziyigugu ezaba nezibazi ngenxa yami, ake ngiMbuke isikhashanyana. Angifuni indlu enkulu, ikhona nje, ndawondawo lapho engingahlanganyela khona nani bazalwane.

28 Ngihlezi lapha ngibuka kulokhu ukusa, futhi bengibuka ngapheseya kulababantu abasha, abathandekayo! Ngibuze ngezithandani ezisencane lapha ezisanda kushada maduze nje, noMfowethu Sweet ungitshele ukuthi bezivutha ngoNkulunkulu.

29 Ngiqaphele indoda endala, abanye benu abampunga, mhlawumpe abadala kunami, beshumayela iVangeli ngenkathi ngisengumfana. Ngicabangile kimi uqobo, ngisadla nje, ngilalele abehlukene bekhuluma, "Angazi noma lesi yisikhathi sethu sokugcina yini ukuhlangana kanje emhlabeni." Kungaba, niyazi, kodwa akusiwo umhlangano wethu wokugcina.

30 Ngicabanga ukuthi abanye benu madoda ubephandle lapha ekhoneni, eshumayela iVangeli, futhi eshaya isiginci esidala, waphonswa ejele, futhi waxoshwa edolobheni ngayo kanye imbangela, wagandaya umgwaqo engihamba kuwo bushelelezi.

Ningamadoda afanele ahlonishwe, ningabesifazane abafanele bahlonishwe, kufanele kube yini phezulu lapha, futhi hhayi mina. Ngenkathi ngisengumfana oyisoni, phandle ngaleya ngigxamalazele ihhashi, ngizama ukubona ukuthi ubani owayengagibela ihhashi eligijimayo isikhathi eside kunabo bonke, noma ukuphonsela amankonyane intambo, noma okuthize, wawusekhoneni ushumayela iVangeli, ngangigijima imijaho yamahhashi.

31 Ningamadoda, abesifazane bafanelwe ukuhlonishwa, nifanele nime lapha. Kodwa benenza umgwaqo, engingafika ngemuva kuwo. Niyabo? Ngizophinde ngihlangane nani, mfowethu nodadewethu, kungahle kungabi ngokunye ukudla kwasekuseni, kodwa kuyobakhona isikhathi lapho lesoSidlo sakusihlwa esikhulu soMshado sizonaba esibhakabhakeni ngaleya, niyabo, futhi lapho sifika lapho, kuzokwehluka.

32 Lapho ngibuka ngale kwetafula bese ngibona nina besilisa nabesifazane, akungabazeki unyembezi oluncane lwenjabulo luzoqathaka lwehle ngezihlathi zethu, njengoba sixhawulana, "Yebo, Mfowethu Branham, ngangisemhlanganweni waseBangor ngalokho kusa."

"O, ngiyakukhumbula. O, nangu u*S'bani-bani*."

33 Futhi thina sihlezi lapho sikhala izinyembezi, sengiyayibona nje iNkosi iphuma enkazimulweni yaYo, ihamba yehla ngomugqa, isule zonke izinyembezi emehlweni enu, ithi, "Ningakhali, bantwana, sekuphelile manje, useKhaya. Ngenani ezintokozweni zeNkosi, elungiselelwe nina selokhu kwasekelwa umhlaba." Yilolosuku engilubhekile.

34 Ngingumfowenu, ngilapha ukuba nginisize, futhi ngibeke ihlombe lami esondweni ukuphusha umthwalo onawo ugingqika wehla ngomgwaqo, ugandaya indlela. UNkulunkulu anibusise manje.

Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje manje senzele umkhuleko.

35 Nkulunkulu onomusa, kuyinhlanhla enkulu ukuza kuWe, ukungena kulobuBukhona bobuNkulunkulu, lapho ukuhlangana, nesiphiwo, nokunyakaza kukaMoya oNgcwele kaNkulunkulu kusebenza phakathi kwabantwana baKhe abathandekayo. Futhi silapha, namhlanje, sihlezi lapha sengathi mhlawumbe izihambi komunye nomunye, kodwa asisizo izihambi, siyizakhamizi zakithi zoMbuso. Siyizihambi nabafokazi emhlabeni, kodwa siyizakhamizi zoMbuso waKho. Ukuhlangana okokuqala, kodwa okuthandekayo eNkosini.

36 Sizocela ukuthi Uzosibusisa ndawonye. Qhuba loMoya, Nkosi, kwangathi Ungephinde ufe kubantu. Kwangathi wonke umfundisi angabusiswa, naso sonke isisebenzi, ilunga longafundele lutho njalo, kwangathi imiphefumulo ingazalwa. SiyaKuthanda, Baba, nezinhliziyo zethu ziyavutha nje, lapho

sizwa iGama laKho eliligugu, ukuzwa lamaculo amadala abahlengiweyo.

37 Siyacela manje ukuthi Uzobusisa umzamo wethu omncane edolobheni. O Nkulunkulu, qala umlilo wemvuselelo eyifeshini endala kuwo onke amabandla nayo yonke inhliziyo. Biza abaKhethiweyo, Nkosi, ezitolo zokubheja, nemigodi yokugembula, nasezindaweni zodumo olubi, futhi basuke ezitaladini bangene eMbusweni. Phulukisa abaKho abampofu, abantwana abahluphekile, Nkosi; memezela uBukhona baKho nothando kubo.

38 Busisa amaZwi esizakuwafunda manje, futhi kwangathi singahlanganyela ngasekufundweni kweZwi. Ngokuba siyakucela, eGameni leNkosi uJesu, uMsindisi wethu. Amen.

39 Okwendikimba encane nje, futhi ngiyazi ngeke sakugcina lokhu isikhathi eside kakhulu, kodwa ngithanda ukukhuluma nani ngendaba encane nje, noma umdlalo omncane wasesiteji, uma bengingaba nokunaka kwenu imizuzwana embalwa, futhi itholakala eNcwadini kaLuka, isahluko 19, ivesi 4:

> *Yagijimela phambili, yakhwela emthombeni ukuba imbone: ngokuba ebezakudlula ngakhona.*

40 Kufanele ukuthi kwakungubusuku obubi kumfo omncane, akakwazanga ukuphumula, wayeshukuma esuka kolunye uhlangothi aye kolunye uhlangothi lombhede, ngoba kwenzeka wa—waphila osukwini oluxakile, oluyinqaba impela, ngoba ibandla noMlayezo owawuphuma wawushayisana omunye komunye.

41 Niyabo, wayengowebandla loMthetho, ikholwa eliyiJuda. Futhi kwafika ukuthi ngalolosuku kwakukade kukhona ihemuhemu ngomProfethi waseNazaretha, Lowo othiwa nguJesu waseNazaretha, owayezisho ukuthi uyindodana kaJosefa, umbazi.

42 Futhi kufanele ukuthi kwakuxakile kakhulu ukuthi abantu bazizwa kanjani ngalezozinsuku, ukuthi uMuntu Owafika nenkonzo engaphezu kwemvelo eyayiphambene ngokuphelele nenkolelo yobuJuda. Babengakholelwa entweni enjalo, babecabanga ukuthi zonke izinsuku zalezizinto zase zedlule noMose, eminyakeni eminingi edlule, futhi bengenawo umqondo kamoya ngokwenele ukwazi ukuthi uNkulunkulu uhlala efana, nokuthi babesemgamanxweni wesikhathi.

43 Ngakho kufanele ukuthi kwakunzima kakhulu kuye, ngoba wakholwa ukuthi umpristi wakhe wathini, futhi kwenqatshelwa yibandla ukwethamela noma yimuphi wemihlangano enjalo lomProfethi ayeyibambile. Futhi kwakukhona zonke izinhlobo zokukhuluma ngalomProfethi.

44 Futhi ngakho, wayenobusuku obungenakuthula, ngokuba umkakhe, uRebeka, wayeyikholwa lalomProfethi. Wethamela

imihlangano, futhi wayemtshelile izinto eziningi ezixakile ezazenzekile, okungukuthi yena exoxisana nompristi wakhe, wathi, "Manje, lowo ngumbhedo. Asikho nje isidingo sokukholwa yilutho olunjalo, Rebeka. Sisonta kwelinye lamabandla amahle kunawo onke elikhona ezweni, isinagoge lethu likhulu kunawo onke. Futhi ngilapha, usomabhizinisi walelidolobha, igama lami nginguZakewu, futhi nginesitolo othenga udlele kuso esikhulu kunazo zonke esikhona edolobheni, futhi nginebhizinisi elikhulu kunawo onke, futhi singabantu abahlonishwayo. Ngakho-ke akusikho okuphathelene nenkambo elungileyo kimi ukwehlisa isithunzi sami ukuba ngizehlisele phansi eqenjini njengomProfethi othize owuhlanya, njengoba ubuyoMbiza kanjalo, Ohambahambayo, okungekho namunye wabapristi noma orabi ozozihlanganisa ngalutho. Futhi endaweni yami njengosomabhizinisi, kuyolimaza ibhizinisi lami uma ngiba ngohambisana nento enjalo. Futhi Rebeka, kuyoba ngcono kuwe, uma nje uyeka ukulandela kwakho lona *okubizwa ngo*mProfethi."

45 Lokhu kwangena enhliziyweni kaRebeka, ngakho, niyabo, uqala ukukhulekela uZakewu. Nakuba yena engusomabhizinisi, kakhulu impela ezweni, nenhlangano yebandla, nokho wayecabanga ukuthi uma lomProfethi wayeyilokho Athi wayeyikho, iNdodana kaNkulunkulu, ukuthi wayefuna umyeni wakhe ukuba akholwe kuYe. Lowo ngowangempela, unkosikazi weqiniso. Wonke usomabhizinisi ufanele abe nalolohlobo lonkosikazi, oyomkhulekela. Ungamgxeki, mkhulekele nje, leyo yindlela ezedlula zonke yokumyisa kuKristu.

46 Futhi niyazi kukhona okuthize ngakho, lapho ukhulekela othile ngobuqotho ngempela, niyazi, kuthi ukubenza bangabi nakuphumula. Angazi noma senake naba naso yini isehlakalo salokho noma qha. Kodwa uNkulunkulu uqala ukungena aphendule emkhulekweni. Ngezinye izikhathi umyeni uba ngoshesha ukucasuka kakhulu kunanininini, kodwa khumbulani nje, uNkulunkulu uphendula umkhuleko, Uyazi ukuthi kwenziwa kanjani. Indoda izofanele ifike ekupheleni kwentambo yayo ngezinye izikhathi ngaphambi kokuba iqonde, noma mhlawumbe uNkulunkulu uzofanele ayilalise ngomhlane wayo, igula, ilimele, kuze kuba iyobheka phezulu. Kodwa uNkulunkulu unezindlela ezixakile zokwenza izinto, kodwa izindlela zaKhe zihlala zilungile.

47 Ngakho uRebeka wayekade ekhulekela owakhe othandekayo, umyeni omncane, uZakewu. Futhi ubusuku bonke gulukunqu wayekade eshukunyiswa, futhi egingqika, futhi ephenduphenduka. Niyabo? UNkulunkulu wayephendula umkhuleko kaRebeka. Angazi noma bakhona yini oRebeka lapha, oke wakhulekela umyeni wabo owusomabhizinisi.

48 Khona-ke lapho sekusondele ekuseni, uRebeka wayethe ukuzunywa ubuthongo, kodwa ubusuku bonke gulukunqu

enhliziyweni yakhe, wayekade ethi, “Ngiyabonga, Nkosi, ngiyazi ukuthi Usebenzana naye, ngingasho nje, wathi . . . ”

49 “Yini indaba, Zakewu na?” wayekusho njalo njalo ubusuku bonke.

“O, angazi, kufanele kube ukuthi ibhizinisi lami lisengqondweni yami.” Niyabo, uzama nje ukuthola ukuphunyuka okuncane, yilokho kuphela, kwakunguNkulunkulu esebenzana naye.

50 Ngakho lapho ubusuku buqhubeka, ekuseni kakhulu uRebeka wathi ukuzunywa ubuthongo. Kusesekuseni ekuseni, wathola uZakewu evukile, ezilungisa. Futhi uya e—e . . .-ingubo ende, futhi, ikhabethe lezingubo njalo, futhi uthola ingubo ende enhle kunazo zonke anayo bese eyigqoka. Niyabo, kwakukhona isenzeko esikhethekile esasizoba sedolobheni ngalolosuku, kwakukade kunomsindo obanzi ukuthi lowomProfethi wayezovakashela lelodolobha ngalolosuku, futhi wayezodla ukudla Eselapho.

51 NoZakewu wayedabukile wonke, ngoba Wayewelela esitolo othenga udlele kuso sikaMnu. Levinski. “Awu, kusobala, isitolo sami othenga udlele kuso sihle ukwedlula zonke, futhi uma umkami engumlandeli woMfo onjalo, kungani Ubengelilethe lelobhizinisi endleleni yami na?” Niyabo, wayengumJuda futhi wayefuna ibhizinisi.

52 Futhi wayemazi lomProfethi, *obizwa kanjalo*, wayezoheha ukunaka okuningi, ngakho kufanele kube njalo, ibhizinisi lize ngendlela yakhe. Futhi wayengomunye wosomabhizinisi abakhulu bedolobha, ngakho kungani lomProfethi engafanele eze ngendlela yakhe, noma, adlule ngendlela yakhe na? Ngakho yena, ngalobobusuku, emva kobusuku obungenakuthula, namaphupho amaningi o—okuhlushwa, kanjalonjalo, ngakusasa ekuseni uzilungisa kahle ngempela, noRebeka wakhipha ikhanda lakhe ngaphansi kwesembozo wayesethi, “Zakewu, s’thandwa, uyaphi kuse-eli kangaka na?”

53 “O ngicabange ukuthi ngizophuma futhi ngibe no—nomoya omncane ofreshi.” Uyazi ungathola inqwaba yezaba lapho ukulahlwa icala kuqhubeka, sonke siyakwazi lokho. “Ngiyaphuma nje kancanyana okomoya ofreshi.” Futhi ufaka amakha, futhi ulungisa izinwele zakhe phansi, futhi, o, ulungiswe wonke nje, futhi usho uphumela esitaladini.

54 NoRebeka uthi nyelele uyakhuphuka, futhi uphakamisa isisitho sewindi, futhi ubuka ngaphandle, ubona uZakewu eqonde thwi, niyazi, njengowangempela, usomabhizinisi omuhle, ehamba ehla ngesitaladi egqoke izingubo zakhe ezinhle kunazo zonke, niyazi.

55 Uguqa ngamadolo akhe futhi uthi, “Nkulunkulu othandekayo, ngiyaKubonga, ngoba ngiyakholwa ukuthi Usebenzana nomyeni wami, namhlanje. Futhi manje, siyazi

ukuthi iNdodana yaKho ethandekayo, nakuba inegama elibi Enalo phakathi kwabantu, njengohlanya, nomoya othize omubi oYingenile, nokho ngiyaYikholwa ukuthi iyiNdodana yaKho ethandekayo. Futhi ngikhuleka kuWe, Nkulunkulu oThandekayo, ukuthi ngandlela thize Uzoba nomyeni wami, eBukhoneni baKhe," yileyondlela yokukhuleka, "futhi ungamvumeli abe ngogxekayo, kodwa nje vumela iNdodana yaKho ethandekayo yenze okuthize okuzokholisa umyeni wami ukuthi Lowo nguMesiya." Futhi wabonga uNkulunkulu ngakho, futhi waya emsebenzi wakhe.

56 Asilandele uZakewu imizuzu embalwa. Wehla ngesitaladi, kusesekuseni kakhulu, kungekho abantu abaningi ngaphandle, kodwa wathi, "Uyazi, uma lowoMfo othize. . .ngizohlangana naYe namhlanje, futhi ngizoMtshela ezikabhoqo!" Niyazi ukulahlwa icala ngezinye izikhathi kusebenza ngaleyondlela. Futhi wathi, "NgizoMtshela ezakhe! Futhi Wenze umkami ukuba ashiye ibandla lakhe, ngani, ngingomunye wamagosa, ngakho ngiyakutshela, ngi—ngizoMtshela konke ngakho, lapho ngiMbona. Linda nje, ngizoMtshela!" lapho ehla ngesitaladi, niyazi, ezilungise kahle.

57 "Futhi ngethemba ukuthi lapho ngimi ngapha, ukuthi abaningi engibambisene nabo ebhizinisini bami lapho, ngingathanda ukuba norabi emi eduze, ukuze abone lapho engimi khona. Futhi ngifuna ukubazisa, ukuthi angikholelwa ebuhlanyeni obunjalo, ngakho ngizokwehla. . .Impela Uzongena evela esangweni laseningizimu, ngoba UbeseGalile, futhi Uzobe eza ngapha, ngakho ngizokwehlela esangweni futhi ngihlangane naYe. Khona lapho ngenkathi Engena esangweni, ngizoMtshela ezikabhoqo ngenkathi ngifika lapho." Engazi ukuthi uRebeka wayekumboze konke lokho ngomkhuleko, niyabo.

58 Ngakho lapho efika phansi, uqala ukuzwa umsindo, futhi uzama ukusondela kakhudlwana. Futhi lapho esondela, uthola macala onke esangweni, abantu balenga othangweni, nasezindongeni, futhi ngani, akakwazanga ngisho nokusondela nhlobo. Bese kuthi-ke wonke umuntu eminyene, ne—nephoyisa lizama ukubuyisela abantu emuva, "Yini indaba lapha na?"

59 Ngakho wathi, "Awu, ngiqagele mhlawumbe akumina ngedwa ezansi lapha. Futhi bukani nje uhlobo lwabantu lapho olumi lapha nokho, lababantu bangabantu abampofu. Kusobala niyazi, ngingusomabhizinisi nje, ngakho a—angifanele ukuzihlanganisa nokunjalo, kodwa, noma kanjani, ngizokwenyukela lapha ekhoneni."

60 Awu, uthola ukuthi wayemncane, umfo omncanyanyana nje, ngakho babebaningi kakhulu lapho, wayengekwazi ukubuka phezu kwamakhanda abo.

61 Futhi wayeyolwa indlela yakhe edlule, futhi, "Hlehlani nisuke endleleni, nginguZakewu!" Uyazi ngesinye isikhathi abantu uthola lowomqondo ekhanda labo, ungu*muntu othize*. Ungubani wena, empeleni na? Amafidi ayisithupha omhlaba. Lapho ufa, unomphefumulo, nalowomphefumulo uzothatha phakathi kokuthi uhambo lwawo oluya phezulu, noma oluya phansi. Futhi kuzonquma ngendlela owemukela ngayo uKristu: Menqabe, uya phansi; Memukele, uhamba naYe.

62 Kodwa awukho kakhulu impela, empeleni, akekho kithi. Ngangimi emnyuziyemu omncane lapha kungekudala, futhi ngibuka abafana ababili ababenikeza. . .ngibuka ekhadini elincane lapho elathi isisindo sangempela sendoda engamaphawondi ayikhulu namashumi amahlanu, nenani lalesosisindo. Uyazi ukuthi ubiza malini uma usinda amaphawondi ayikhulu namashumi amahlanu na? Lowo ngowesilisa. Ubiza amasenti angamashumi ayisishiyagalombili nane. Kunjalo. Unepotashi eyanele nje kuwe ukuba, nekhalisiyamu eyenele, futhi okwenele nje lapho ukufafaza isidleke sesikhukhukazi. Futhi amasenti angamashumi ayisishiyagalombili nane, bese-ke ufaka ibhantshi lesikhumba leminki lamadola angamakhulu amahlanu kulo, isigqoko, isudi yamadola ayikhulu, uphakamise ikhala lakho, uma lina ubuyominza, bese-ke ucabanga ukuthi ungu*muntu othize*. Uyini na? Ubiza amasenti angamashumi ayisishiyagalombili nane.

63 Futhi uyoya esitolo othenga udlele kuso, futhi ubuyoqukula isitsha sesobho, futhi besinempukane kuso, ubuyokwenqaba ngokushesha *kangako*. [UMfowethu Branham ushaya umunwe wakhe—Umhl.] Yebo mnumzane. "Angizukuzihlanganisa ngalutho nalokho. Awu, ngizobona ukuthi iphepha liyakwazi, iChamber of Commerce, ini, mayelana nomongameli wesitolo othenga udlele kuso, umnikazi, lokho akwenza." Niyabo, ubhekisisa lawomasenti angamashumi ayisishiyagalombili nane, ungeke ufake lutho ushevu kulokho, kodwa ake udeveli afake noma yini kulowomphefumulo afisa ukukufaka, nalowomphefumulo uPhakade. Kunjalo.

64 Noma yisiphi nje isivumokholo esincane ofuna ukusisho imikhuleko embalwa, futhi ugijime phezu kobuhlalu obumbalwa, noma—noma wenze into ethize ngendlela ethize, wenze isifungo esithize, noma. . .Niyabona ukuthi kukanjani na? O, ho, ho! USathane ungusomabhizinisi ongcono kunoma uyoke ube nguye. Kunjalo. Kodwa ngifuna ukunibuza okuthize. . .Khona-ke lapho wena, sizwa ukuthi singumuntu othize, yilapho singelutho.

65 Ngakho yena, ngenkathi ema lapho, uqala ukuba nalowo muzwa wokwehliswa isithunzi, wathi, "Ngizokwazi ukuthi ngizokwenzani. Ngiyazi ukuthi Uzodlula kuphi, ngoba Uya ngaleya esitolo othenga udlele kuso sikaLevinski, bese kuthi-ke uzofanele ehle ngesitaladi uQondile nje emva kokuba Esuka

eMgwaqaneni uHaleluya lapha. Ngakho ngehla ngesitaladi esithiwa uQondile, futhi lapho ngizoMlinda, ngoba Uzofanele adlule ngaleyondlela. Futhi lapho Edlula, ngizoMtshela lapho-ke!"

66 Ngakho esanzi ngesitaladi kwahamba lona omncane, umfo ohamba ngokuziqhenya, nobuso bakhe bubomvu, ngoba wayengahlonishwa njengosomabhizinisi, ngakho washo wehla ngesitaladi. Futhi ufika ezanzi lapho eSitaladini uQondile, futhi uma ekhoneni, ezilungise kahle, elindile, "Linda nje aze Ajike ikhona loMgwaqana uHaleluya, ngizoMtshela lapho Edlula!"

67 Futhi yena emi lapho, futhi kwenzeka wakhumbula, "Lesosixuku esifanayo esasihlangana naYe esangweni sizophindeka kabili ngesikhathi sifika lapha, futhi ngizoba mncane nje lapha njengoba benginjalo ezansi lapho, ngakho ngeke ngikwazi ukuMbona, bayovele nje bagijime phezu kwami." Niyabo, uNkulunkulu unendlela yokwenza izinto; Wamenza wamncane ngaleyonhloso. Niyabo?

68 Kodwa wa—wathi, "Awu, empeleni, uyazi, nginombono omuhle nje." Futhi kwenzeka wama futhi wabheka, futhi kwakukhona isihlahla somthombe simi lapho. Manje, lowo ngumuthi wami womdabu wase-Indiana, kodwa ngalezozinsuku wawubizwa ngokuthi, ngiyacabanga, umnqumo, noma okuthize, kwakuyigama elifanele laso.

69 Ngakho wathi, "Uyazi, amagatsha athi ukuphakama, kodwa uma bengingakhuphukela lapho kulesosihlahla, akukho-muntu obezonginyathela phezulu lapho, futhi khona-ke ngiyoMbona lapho Edlula. Futhi kuthi nje ngingaMbuka, ngizonquma ngaleyonkathi ukuthi Uyini." Niyabo, uRebeka wayesakhuleka, niyabo.

70 Ngakho uZakewu kwenzeka wacabanga, "Kodwa ngimfishane kakhulu ukuba ngifinyelele egatsheni lokuqala." Yileyondlela iningi lethu esiba ngayo, niyabo. "Ngimfishane kakhulu egatsheni lokuqala."

71 Ngakho, awu, uma ufuna ukuMbona, uyazi, uNkulunkulu uzokwenzela indlela yokuba uMbone, kungahle kube inhlekisa, kodwa uNkulunkulu uzokwenzela indlela yokuba uMbone. Futhi, niyazi, ku. . .ungahle ngisho uze ufike emhlanganweni weFull Gospel Business Men ngokunye ukusa, kuyinhlekisa kakhulu esithunzini sakho, kodwa uma ufuna ukuMbona, uNkulunkulu uzokwenzela indlela yokuba uMbone.

72 Wena uthi, "Ngiyezwa banomhlangano ezansi lapho, futhi, o he, baya—bayamemeza, ba . . . Niyazi, ngizovele ngingene, ngoba angikukholwa ngempela, kodwa ngizokwehla nje futhi ngibone ukuthi benzani kokunye kwalokhu kudla kwasekuseni," niyabo. UNkulunkulu uzokwenzela indlela ukuba ukubone, kulungile.

73 Kwase kuthi-ke uZakewu omncane wathola umqondo. Ngiyaxolisa, sengizovala izindlebe lapha, bengijwayele

ukushumayela ngaphandle ezitadiyamu, kanjalonjalo, ngakho angiqondile ukuniklabalasela, mngani.

74 Kodwa uZakewu wathola umqondo, ukuthi uma wayengafinyelela kulelogatsha lokuqala kwakungekho muntu owayeyoba mude kangako, ngakho ngenkathi uJesu ehla ngesitaladi, wayezobona ukuthi Wayebukeka kanjani, futhi khona-ke wayezodweba umbono wakhe ukuthi Wayeyini, khona-ke uma wayengaMthandi, wayezoMtshela ahambe, khona ngqo esihlahleni.

75 Ngakho manje-ke, uzogibela kanjani kulesisihlahla manje na? Yinto elandelayo. Ngakho umqoqi kadoti wayengakafiki okwamanje, futhi kwakukhona ibhakede likadoti lihlezi ekhoneni. "Awu," wacabanga, "lokho bekuyoba inhlekisa, kodwa kuthi akube yindlela engcono kunazo zonke yokushaya igatsha lokuqala." Ngakho waqalaza macala onke ukuze aqiniseke ukuthi akukho muntu owayekhona, wehlela ebhakedeni likadoti, futhi uzama ukuliphakamisa, nomqoqi wayengakafiki namanje, niyazi, ngakho laligcwele phama. Kodwa yileyonto kuphela ebonakalayo, ngakho uzofanele ayisebenzise. Awu, ugqoke ingubo yakhe ende enhle kunazo zonke. Manje uzokwenzani na?

76 Awu, niyazi, uma uNkulunkulu ezimisele ukuba wena uMbone, uzoMbona, noma kanjani, akunandaba ukuthi yini ozofanele wedlule kuyo. Uma kukhona into ethize lapho edonsayo, ungahle ngokuhlakanipha weqe ngaphezulu, ucabanga into eyodwa, kodwa uNkulunkulu usezansi lapha esebenza enhliziyweni; uRebeka wayekade ekhuleka. Yilokho okwenze lokho kukholwa izolo ebusuku, niyabo, kade ngikhuleka.

77 Ngakho uyacabanga, "Awu yinye nje into okufanele yenziwe, lokho ngukuthola lomgqomo kadoti ezingalweni zami." Futhi uyehla, usomabhizinisi, ubamba umgqomo kadoti, futhi nangu eza, futhi uyaqalaza, uma engekho uLevinski qobo lwakhe, nabaningi babo bembhekile. Njengoba nje waya ekudleni kwasekuseni, kwenzeka wabuka ngale, nango uJones ehlezi lapho. He, uNkulunkulu angahamba kanjani phezu kwendoda lapho umkayo ezoyikhulekela, noma ngapha nangapha! Angahle abe ngusomaqhuzu edolobheni, kodwa uNkulunkulu uyazi ukuthi umenza kanjani usomaqhuzu omncane. Umkhuleko uyakwenza.

78 Ngakho uthola ibhakede likadoti, futhi uyabuka, ubuso bakhe obuncane buba bomvu, ubuka nga*le*ndlela, nansi indoda yesicathulo, nansi indoda ethengisa ingubo ende. Yena, o he, usebanjiwe manje, ngakho-ke usengavele nje aqhubeke.

79 Ngakho, abanye babo bathi, "Niqaphelile, banumzane abahloniphekile, kulokhu ukusa, nango uZakewu kulokho

kudla kwasekuseni," ngiqonde ukuthi, "e. . .nomgqomo kadoti esandleni sakhe na?"

80 Futhi nangu ehamba, futhi wehlela esihlahleni, nobuso bakhe bubomvu, usevele ubanjwe oqotsheni, futhi ngakho asikho isidingo sokusukuma, nokuphuma manje; usuvele uyazi, ulapha. Uma ungena emhlanganweni, uma usukuma, lokho nje, lokho kukhombisa ukuthi usuvele ulapho, ngakho kukhona okunyakazayo.

81 Ngakho lapho ephakamisela phezulu umgqomo, futhi ugijima uya ngale futhi uwubeka phansi, futhi manje buka ingubo yakhe enhle, yonke igcwele udoti, usomabhizinisi wedolobha, usomabhizinisi ovelele. Kulungile, into yokuqala ayenzayo khona-ke ngukukhwela esiqongweni sawo.

82 ULevinski nabo uqhubeka wehla ngesitaladi, ethi, "Uyazi, umngane wethu uZakewu, uphethe isitolo othenga udlele kuso esidumile ezansi lapho kuMgwaqana uGrouch," niyabo, "u—usephenduke umqoqi futhi, ungumqoqi kadoti wedolobha." O, ubuso bakhe obuncane babuvutha, o he, ulaka lwakhe olulungileyo lwase luvukile.

83 "Mhlawumbe sifanele sitshele uRabi ukuthi une. . ." (Udokotela, niyazi, i Ph.D.) "ukuthi une. . .elinye lamalunga ebandla lakhe seliphenduke umqoqi kadoti, kulelobandla elikhulu lezicukuthwane, aya kulo." Niyabo?

84 Futhi ngakho, emva kokuba sebedlulile, uZakewu omncane ukhuphukela emgqonyeni kadoti, futhi namanje akakwazi ukufinyelela egatsheni. Manje usendaweni embi kabi, ngakho uvele nje akotele phezulu esihlahleni. Awu, angazi noma niyazi ukuthi "ukukotela phezulu esihlahleni" kusho ukuthini, leso yisisho saseningizimu. Khwela kuso, usibambe, uvele nje udonse uye phezulu.

85 Futhi ngakho ufika egatsheni lokuqala, futhi ubuka ngapha, nango ehlezi. Futhi uma lokho kungesikho ukubuka okuhle e—e—endodeni, usomabhizinisi wedolobha, nengubo yakhe igcwele udoti, izandla zigcwele izingcezu, engena esihlahleni ukuba abuke uMshumayeli ongumgingqiki ongcwele eza! Ungazibonela ukuthi hlobo luni lwe. . .

86 O, ya, yilokho Ayecatshangwa eyikho, uMuntu obizwa ngodeveli, uBelzabule, umGalile; owayenegama elibi kwasekuqaleni nje, wazalwa engumntwana wesihlahla, njengoba babecabanga. Niyabo, i—izwe aliMazi neze, bazalwane, abakakwazi namanje, bacabanga ukuthi siyahlanya, abakahlangani nje naYe okwamanje, yilokho kuphela.

87 Ngakho njengoba ehlezi phezulu lapho, ephambanise imilenze, eputsha emuva naphambili kuleligatsha, manje, uma leso kungesiso isithombe esihle: indoda yokuma kwakhe edolobheni, umgqomo kadoti, izimpukane nxazonke, manje izimpukane ikuZakewu. Futhi nangu ehlezi phezulu lapha,

egcwele udoti nephunga, izingcezu ezandleni zakhe, konke ukuba abone umProfethi owuhlanya waseGalile, obizwa ngomProfethi, ibandla lakhe uqobo limelene nakho, kodwa, niyabo, uRebeka wayesakhuleka, yilokho okukwenzayo.

88 Ngakho uyacabanga, "Manje awume, uma ngihlezi lapha, Angahle angibone. Futhi niyazi ukuthini? Ngiyakhumbula nje ukuthi uRebeka wangitshela ukuthi leyoNdoda yayikwazi ukwehlulela imicabango yengqondo. Uyazi ukuthini? NgizoYicashela." Ngakho uthi nje ukuphakama kancanyana esihlahleni, futhi uthola lapho kuhlangana khona amagatsha amabili; lokho kwenza indawo enhle yokuhlala phansi, leyo yindawo enhle kithi sonke ukuhlala phansi, lapho izindlela ezimbili zihlangana khona: eyakho nekaNkulunkulu. Yilapho isinqumo sifanele senziwe khona.

89 Ngakho uhlala phansi kuleligatsha, wayesethi, "Manje, awume kancane, uma lomProfethi waseGalile. . . Manje, lapho sengibuyela ekhaya, uRebeka uzothi, 'Ngabe uMbonile, njengoba Enza kuFiliphu, noma Wenza kuPetru, noma We— Wenza kwabanye babo bonke, ukuthi Wayengabuka kanjani phandle ezethamelini futhi ahlukanise lokho ababekwenza, noma imicabango yabo na?'

90 "Ngakho impela, mina ngihlezi khona lapha phambi kwaKhe, Angahle empeleni abheke phezulu, lomnqumo awumude kakhulu, futhi ukuba-ke Bekungenzeka angibone ngihlezi phezulu lapha na? Awu, impela Ubeyongibuka. Kodwa, bese kuthi-ke futhi, ukuba-ke uLevinski bekungenzeka angibone phezulu lapha, bese kuthi-ke bonke bazungeze isihlahla bese bengikhomba ngomunwe wabo na? Manje, lokho bekungeke yini kube yinto ethize na? Ngakho into engcono kunazo zonke kimi ukuba ngiyenze ngukuzifihla."

91 Ngakho uthola amagatsha, futhi uwadonsela ngakuye onke, uzimboza njengokokuzifihla okuhle, akekho ongambona, futhi ushiya kuphela iqabunga elilodwa elincane, ukuze aliphakamise *kanje*, abuke ngaphandle. Naleloqabunga elincane, u. . . Akekho ongambona, amagatsha esihlahla onke adonselwe ngakuye, futhi yena, umfo omncanyanyana ehlezi ngemuva encike esiqwini salesisihlahla, amagatsha emzungezile nxazonke, amaqabunga emzungezile nxazonke, neqabunga elincane, wayengaliphakamisa futhi abuke. Wathi, "Manje abasoze bazi. Akekho ozoke angibone lapha, ngicashe ngempela." Ungakhathazeki, uMuntu othize uyazi ukuthi ukuphi.

92 Futhi lapho ehlezi lapho imizuzu embalwa ezindla, nezimpukane zimhlasela futhi, futhi kwenzeka ezwe umsindo, wathi, "Ufanele ukuthi uyeza." Ngokwejwayelekile kunomsindo lapho Ekhona, niyakwazi lokho; Uhlala ezwa. Niyabo? Mm!

93 Niyazi, ethempelini elidala, ngenkathi umpristi egcotshiwe futhi wangena e—ethempelini, kweyakhe, u-Aroni, engutsheni

yakhe, kwakuyingubo eyenziwe ngokukhethekile, futhi kwakukhona insimbi nepomegranati, futhi yayidinga uhlobo oluthile lokuhamba, ukuthi lapho ehamba, lezizingubo, izinsimbi nepomegranati, kwakudlala, "Ingcwele, ingcwele, ingcwele, kuyo iNkosi," lapho ehamba. Futhi indlela kuphela izethameli ezazazi ngayo ukuthi wayesaphila kwakungalomsindo. Ngiyamangala ngezinye izikhathi!

94 IBangor ibifanele yazi ukuthi ukhona ophilayo ngapha, futhi kwaziwa ngokuhamba okwenzayo, futhi: Ingcwele, ingcwele, ingcwele iNkosi! Umsindo unikeza udumo nenkazimulo. Singabapristi abakhulu sinikela ngomhlatshelo wokomoya, izithelo zezindebe zethu zinika udumo eGameni laKhe, yilokho esiyikho. Izithelo zezindebe zethu zinika udumo eGameni laKhe.

95 Khona-ke ngenkathi Eza ejika ekhoneni, nakho kwakulapho, umsindo omkhulu. Futhi uphakamisa iqabunga lakhe elincane ukubona, wathi, "Akekho oyoke angibone lapha."

96 Ngakho uyaqalaza ekhoneni, futhi waqaphela, ofuqa ngasekhoneni, kwafika indoda enkulukazi, ifuqa, "Ngiyaxolisa, uzofanele udede endleleni."

Amadoda amabili noma amathathu emva kwakhe, "Ngiyaxolisa, iNkosi isendleleni yaYo iya ekudleni kwaYo kwasekuseni kulokhu ukusa, futhi a—asikwazi ukuphazamisa, ngiyaxolisa. Hlehla."

97 Wathi, "Lokho kufanele kube yincazelo yomfo othiwa nguPetru, leyondoda Ayitshela ukuthi yayingubani, uyise. Lowo kufanele kube nguye oholayo lapho, ecindezela abantu ukuba bahlehle."

98 Futhi nje ngaleyonkathi, uZakewu omncane ubuka ngale, futhi nakho kumi omunye wabathengi bakhe—bakhe, "Ngani," wathi, "banalowomntwana phandle lapha kulokhu ukusa, lapho ngazi ukuthi udokotela washo, ezinsukwini ezimbili ezedlule, lowomntwana wayefa. Uma bebefanele bahambise lowomntwana kulomoya wasekuseni kakhulu, bekuyoba ngukufa, bangeke bakwenza lokho! Abantu bangaba nobuhlanya kangakanani na? Futhi nango ubaba nomama bemi nalengane ephethwe umkhuhlane isongwe ngengubo yokulala, nodokotela washo esitolo sami othenga udlele kuso ngolunye usuku ngenkathi ngibuza ngaleyongane ukuthi iyafa, futhi kubucayi, inesifo ukuthi ukuba semoyeni kancane nje bekuyoyibulala, khona manjalo. Futhi nangu lowobaba nomama usetshenzwe kakhulu yiloMshumayeli owuhlanya, ukuthi balethe leyongane ngokumelene nemithetho kadokotela phandle esitaladini.

99 "Futhi manje bukani, bayacindezelwa ukuba bahlehle. Lawomadoda ayishumi nambili kanye naYe, kufanele kube yiwo aMvikelayo, futhi aMgcina eqhelile ezixukwini, yilokho

uRebeka akusho. Awu, ngiyakutshela, leyondoda ibifanele ifakwe ejele ngokukhipha leyongane."

100 Khona manjalo othembekile, ubaba omncane uthatha ingane uyifaka ezingalweni zakhe, nothandekayo, umama omncane ugijimela ngqo esitaladini, futhi cishe impela awe ngamadolo akhe.

Lendoda enkulu uPetru, omnene, uthi, "Dadewethu, othandekayo, siyaxolisa kakhulu, iNkosi yethu ingama kuphela kakhulu kangaka."

"Kodwa, o, mnumzane onomusa, ingane yami iyafa! Ayinayo kuphela imizuzu embalwa nje ukuba iphile, futhi ngikholwa ukuthi iZwi elilodwa elivela eNkosini yakho lizoguqula yonke indlela."

101 UZakewu waphakamisa iqabunga phezulu kancane, wathi, "Yini leyo na?"

102 "IZwi elilodwa nje!" [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]. . . Uyazi ngakho. Akukho ngisho umzwilili ongawela esitaladini, Uyawazi. Uyayazi imikhuleko yakho ngalomhlangano. Wazi konke lokho osekuhambile. Uyathandeka, unomusa, unomoya omuhle.

103 Futhi Wama, njengoba Enza kuBartimewu oyimpumputhe, ngaphandle nje kwesango amahora ambalwa kamuva. Wayengeke akuzwe ukukhala kukaBartimewu, kwakunabantu abaningi kakhulu bedazuluka, beqhubeka, ukukholwa kwakhe kwaMthinta.

104 Wama wayesephenduka wayesebuka emuva, Wayesethi, "Ndodakazi, thatha ingane yakho uyibuyisele ekhaya, ngokuba ukukholwa kwakho kusindise ingane."

105 Futhi sengiyambona uZakewu, "Sewake wabuzwa ubuhlanya obunjengalobo na?"

106 Futhi ngalesosikhathi ubaba, futhi, waphakamisa izandla zakhe, futhi wathi, "Makabongwe uNkulunkulu ophilayo! Ngiyakholwa futhi ngiyakwemukela ukuphulukiswa kwengane yami khona manje!" Uqaqa ingane, uyihlalisa esitaladini, nencane, intombazane eneminyaka eyisithupha noma eyisishiyagalombili ubudala iqala ukwehla ngesitaladi yeqa intambo; lowo kwakunguJesu.

107 UZakewu wathi, "Lokho kuyamangalisa! Uyazi ukuthini, ngisanda kunquma nje ukuthi kungcono ngigcine umlomo wami omkhulu uvaliwe. Mhlawumbe benginephutha. Awu, impela angifuni Yena angibone." Ngakho uphakamisa iqabunga lakhe elincane futhi, uthi, "Angazi noma Usesondele yini." Futhi ubuka phansi. Nangu Eza ngqo ngaphansi kwesihlahla, futhi Wama. UZakewu wathi, "Ngijabula kanjani ukuthi Akakwazi ukungibona!"

108 Futhi Wama, Wabuka phezulu esihlahleni, wathi, "Zakewu, phuma lapho, yehla; Ngiya ekhaya nawe namhlanje ukuyodla idina." Wayengazi ngisho . . . azi kuphela ukuthi wayephezulu lapho, Wayazi ukuthi wayengubani.

109 Ngiqagele zonke izinsuku zokuphila kwakhe wayejabule ukuthi waya kuleyondawo lapho uJesu ayezodlula khona ngaleyondlela. Waba yilunga leFull Gospel Business Men's Association yaseJeriko; ngiyajabula ukuba yilunga lefanayo.

110 Akazange afane emva kwalokho. URebeka wavuzwa ngemikhuleko yakhe: Umyeni wakhe wasindiswa ngalolosuku, noJesu udla idina endlini yakhe. "Ngifanele ngiye ekhaya nawe namhlanje," Washo.

111 Futhi mngane, Angaya ekhaya nawe, futhi. Kungahle kube noZakewu ohlezi lapha, angazi, Yena uyazi. Uma uzame ukucasha ngemva kokuthile, ukuba ngempela udede ekwenzeni ukuvuma kwakho kwangempela nokwemukela uKristu, uMoya oNgcwele, enhliziyweni yakho, Wazi khona lapho okhona, futhi Ukhuluma kuwe khona manje. Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje.

112 Nkulunkulu othandekayo, into ethize engejwayelekile ingishayile ngalesosikhathi, ngizwile, angidingi ukukuzwakalisa, Nkosi, kungesikho okwalababantu ukuba bezwe, bengiyoba ngumzenzisi, kodwa angiyiqedanga indaba yami, kubonakale sengathi lesi kufanele kube yisikhathi. Mhlawumbe kukhona uZakewu lapha wowesilisa othize noma owesifazane othile Osanda kukhuluma enhliziyweni yabo: "Ngifuna ukuya ekhaya nawe namhlanje, futhi."

113 Ubathole behlezi lapha etafuleni, bezwile ukuthi Ubuzodlula ngapha kulokhu ukusa, futhi bathi nyelele behla. O Nkosi Nkulunkulu, kwangathi bangaba njengoZakewu, behle baphume esihlahleni, futhi bathi, "Nkosi Nkulunkulu, uma ngenze noma yini engalungile, ngizoyilungisa." Uma beliyekile ibandla, uma beshiye umkhuleko wabo, uma beshiye umsebenzi njengomKristu, noma njengekholwa, noma ilunga lebandla, uma beshiye ukwemukela uMoya oNgcwele, beKumema, Ungqongqotha enhliziyweni yabo kulokhu ukusa.

114 Siphe khona, Nkosi, ukuthi khona manje ukuthi umuntu onjalo uzohlehlisa lokho okokuzifihla okuncane, futhi athi nyelele aphumele obala, athi, "Nkosi yiya nami ekhaya namhlanje futhi uhlale nami. Ngifuna ukuKwehlisa . . . Mhlawumbe imikhuleko yomkami okhulekayo iyaphendulwa, noma umyeni wami okhulekayo, noma umama. Imikhuleko iphenduliwe, Nkosi, Ungithole khona lapha kulelitafula. Ngifuna Wazi, Nkosi, ukuthi ngiyaqonda ukuthi nguWe. Ngiphakamisela isandla sami kuWe, futhi ngicela isihawu."

115 Futhi sisakhothamise amakhanda ethu, nawo wonke umuntu ekhuleka, phansi ngqo ekujuleni kwenhliziyo yakho, ngifuna

uthembeke manje, uma ungemukela njengomfowenu, uMoya oNgcwele ofanayo Owazi imicabango yayo yonke inhliziyo, ulapha manje. Uyayazi inhliziyo yakho, futhi into ethize ingimisile eMlayezweni wami, yathi, "Leli yihora." Ukhulume nomunye umuntu. Akungabikho-muntu ophakamisa ikhanda lakho lapha, sinodade omncane ukuba adlale.

116 Kodwa ngifuna wena, uma uzizwele enhliziyweni yakho, nina lapha enizwa ukuthi uNkulunkulu ungqongqothile enhliziyweni yenu, "Zahlukanisele impilo yakho," kukhona okuthize, mhlawumbe, awukaMemukeli njengoMsindisi wakho, ungasiphakamisa nje isandla sakho na? Uthi, "Yimina, Nkosi." Thembeka kuNkulunkulu. UNkulunkulu akubusise. Omunye futhi na? INkosi ikubusise. UNkulunkulu akubusise. Omunye futhi na?

117 Kulungile. Uyangqongqotha. Ufuna ukuya ekhaya naYe na? Ufuna ukuMyisa ekhaya kanye nawe na? Ngabe usazothi, "Awu, siMtholile," kodwa uyenqaba ukwehla uphume esihlahleni na? Ungakwenza lokho na? Awufuni ukuya ekhaya naYe na?

118 UzoMfuna aye embhedeni wakho wokufa. Ungahle uMale kulokhu ukusa, futhi Ubengeke abe lapho embhedeni wokufa; ungawudabukisa uMoya kaNkulunkulu. UNkulunkulu akubusise. Omunye futhi manje na?

119 Wena uthi, "Kwenzani, Mfowethu Branham, uma ngiphakamisa isandla sami na?"

120 Awu, kuguqula ukufa kube ukuPhila. Wephula yonke imithetho yesayense lapho uphakamisa isandla sakho. UNkulunkulu akubusise, dadewethu. Isayense ithi isandla sakho sifanele silengele phansi, amandla adonsela phansi asibamba phansi, kodwa kukhona uMoya okuzungezile nomunye kuwe. UMoya okuzungezile nguMoya oNgcwele, futhi Uthi kuwe, "Unephutha. Uzisho ukuthi ungumKristu nabo bonke lobububi enhliziyweni yakho, njengoZakewu, wayecabanga ukuthi wayeyikholwa. Uyigxekile imihlangano, awuyikholwanga kwasekuqaleni. Manje Ngikhuluma nawe: Mntwana, Ngamukele."

121 Nawe ophakamise isandla sakho ngaleyonkathi, lokho kwephula imithetho yamandla adonsela phansi, uphakamisa isandla sakho, umoya kuwe wenze isinqumo, "Ngifuna uJesu. Angikhathali ukuthi kungibizani. Uma ngifanele ngilahlekelwe yisithunzi sami nakho konke, uma ngilahlekelwa yimina uqobo, ngizokuthola, Nkosi, kuWe. Ngiphakamisa isandla sami, Nkulunkulu, nakhu. Ngizishilo ukuthi ngingumKristu, kodwa ngibe nolaka, nobubi, nakho konke enhliziyweni yami, kukhiphe, Nkosi, Ungeke na? Ungithole lapha etafuleni njengoba Wenza kuZakewu phezulu esihlahleni." Ungasiphakamisa isandla sakho na?

122 Abane noma abahlanu baphakamise izandla zabo, kodwa usekhona oyedwa. UNkulunkulu uyakhuluma nje manje.

123 Uma ungikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe. . . Omunye osasele. UNkulunkulu akubusise, dadewethu othandekayo. Kulungile. Isinqumo ngesakho. UJesu wayengeke akhuphukele esihlahleni futhi wamfuqela ngaphandle, wadingeka aphume ngesingaye.

Futhi siyaqhubeka nokukhuleka:

124 Nkosi Nkulunkulu, Mdali wamaZulu nomhlaba, Mqalisi wokuPhila okuPhakade, noMnikezeli wazo zonke izipho ezinhle, uMoya oNgcwele waKho uyiSipho uKristu asithumela kithi, futhi siyaMthanda. UnguMelusi wethu wezimvu, futhi asiyikuswela. Futhi sijabula kakhulu ukuthi Uyasihola ngasemanzini athule, futhi ubuyisela umphefumulo wethu. Usitshala ngasemifuleni yamanzi, neqabunga aliyikubuna, ngisho nasekufeni aliyikubuna iqabunga, "Ngokuba uma lelidokodo lasemhlabeni lidilizwa, sinalo eselivele lilindile." Akukho okungakubunisa, sinokuPhila okuPhakade, ukuPhila kukaNkulunkulu uQobo kuhlala kithi ngoMoya oNgcwele, ongeke ubhubhe, Ufanele uvuswe njengoba uKristu akwethembisa.

125 Futhi ngiyakhuleka manje, ukuthi Uzobusisa ngokwedlulele, ngokuchichimayo, laba abaphakamise izandla zabo, nangalabo abebefanele bakwenze, futhi abakwenzanga. Futhi ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi loMoya wothando phakathi kwabazalwane nodadewethu, ukuthi awusoze wafa, uyohlala njalo uphila phakathi kwabo, Nkosi, nemehluko yonke izoba ngaphansi kweGazi, naleyonhlanganyelo izobakhona kuze kufike uJesu, futhi siyohlanganiswa ndawonye njengoMzimba omkhulu owodwa. Siphe khona, Baba.

126 Busisa labo abalapha ogulayo, njengoba ngazi manje ba, befuna usizo oluvela kuWe, mabazi ukuthi lokho okukhuluma kubo nguMoya oNgcwele, UnguMphulukisi wakho konke ukugula kwethu. Futhi sikhulekela ukuthi manje Uzophulukisa zonke izifo eziphakathi kwethu, ususa ubuthakathaka, izifo zemizimba yalezozihambi nabafokazi ezweni, abantwana baKho uQobo abathandekayo. Siphe khona, Baba.

127 Kwangathi lapho sihamba sisuka lapha kulokhu ukusa, kwangathi singahamba sijabule, sithokoza, siphulukisiwe futhi siphilile, sivuselelwe emimoyeni yethu nasenhliziyweni yethu. Singaya emakhoneni ehlukene, futhi sifakaze emagalaji kaphethiloli nokunye nokunye: UJesu uhlala eyiNkosi efanayo. Siphe khona, Nkosi.

128 Busisa abefundisi lapha kulokhu ukusa, futhi, osomabhizinisi, kwangathi ibhizinisi labo lingaphumelela. Sonke masazi ukuthi elikakhulu, nebhizinisi elikhulu kunawo onke, elinesidingo namhlanje yibhizinisi likaBaba

wethu, uNkulunkulu, kwangathi singaba semsebenzini waKhe njengabantwana baKhe abathandekayo, siziphatha njengabanumzane abahloniphekile abangamaKristu namanenekazi angamaKristu. Siphe khona, Baba. Ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu, iNdodana yaKho. Amen.

129 Nizizwa nikahle ngempela na? Ngabe ngineminye imizuzu emihlanu na? Nijahile kakhulu ngempela na? Ngifuna nje ukusho okuthize kini. Isizathu sokuba ngibe lapho engikhona namhlanje kulezizikhundla zeFull Gospel yingoba ngiyakukholwa. Ngikholwa ukuthi imizimba yethu yavela othulini lomhlaba; sonke siyakwazi lokho, iBhayibheli liyakusho kuqala, isayense iyakufakazisa. Senziwe ngezakhi eziyishumi nesithupha zomhlaba: ipetroliyamu, ipotashi, ukukhanya komhlaba nezulu, nokunye nokunye, ama-atomu. Manje-ke uma lokho kunjalo, ngenkathi lelizwe lalingelutho kodwa okusalahle kwentabamlilo, imizimba yethu yayilele kulomhlaba. Ukunikhuthaza kancane nje.

130 Abantu bacabanga ukuthi ngingongaqondakali nothanda ukuhlala yedwa, kodwa anginjalo, ngingumfowenu onithandayo. Ngingathanda ukuya ekhaya nani okwedina, ngempela ngibe nenhlanganyelo yangempela, kukhona ikamelo elincane esitezi esiphezulu elingilindile, ngeke ngaba yinceku kaNkulunkulu, nenceku yomuntu ngasikhathi sinye, ngifanele ngihlale ingxenye ngingedwa, ngikhuleke. Futhi nje ngapheshe ya komfula ngaleya, ngizoba nani-ke. Isikhathi sesedlule kunoma sicabanga, sifanele sifake iMbewu emhlabeni.

131 Ngenkathi ngisuka eFinland, esikhathini esithize esedlule khona impela emva kweMpi yokuQala, noma, impi yomhlaba yokugcina, babephandle lapho bebopha abesilisa nabesifazane, behhukeke emahhanisini, abantwana abancane begijima ngaphambili bephethe iziketekete ebusuku, futhi bahwaya umhlabathi. Uma bengaphuli ingaphezulu ngandlela thize, bafake lezo imbewu phakathi lapho, bonke bazobulawa yindlala ngonyaka olandelayo. Bafanele bayifake leyo ngaphambi kokuba kufike iqhwa, bafanele bayifake, abukho ubusuku, abakwazi ukuma noma ngasiphi isikhathi, iziketekete. Babengakwazi ukusebenzisa ogandaganda, babengenabo, bafaka abesifazane benamahhanisi kubo ukuba badonse ihhala lokukofa, ukuhwaya umhlabathi nje, amadoda ngemuva ngqo, afanele afake imbewu, kungenjalo ngeke kube khona isitshalo.

132 Bazalwane, bodadewethu, sekuleyithi kunoma nicabanga, sifanele sihwaye umhlabathi ngandlela thize, akukho kuma imini nobusuku, sifanele siyise iMbewu, iZwi, e—ezinhliziyweni zabantu, asi, akuyikubakho-sivuno, sivela emhlabeni esivela kuwo . . .

